# UShenge ugxeka ukudla ngomdlavuza

**KHETHA SANGWENI**

UMHOLI weNkatha Freedom Party uDkt Mangosuthu Buthelezi ugxeke kakhulu uhlobo lokudla okudliwayo manje ethi kuyimbangela yesifo somdlavuza esibhuqabhuqa abantu abamnyama.

UButhelezi ubephawula emhlanganweni weNgonyama Trust Board lapho bekubuthene khona amakhosi eThekwini izolo.

Uthe lolu daba lumkhathaza kakhulu, usezame kaningi ukuluveza kodwa engakutholi ukunakwa.

"Abantu bakithi bayaphela umdlavuza kungenxa yalokhu kudla okuthakwe ngezinto eziningi esikudlayo.

"Kade singekho lesi sifo kubantu bakithi abampisholo, le nto ifuna ukubhekwa," kusho uButhelezi.

Uthe kwala ngisho esebhalele uMvikeli woMphakathi ngalolu daba nezinye izinhlaka kodwa kwafana nokuthi uthela amanzi emhlane wedada.

"Ngiyikhulume kaningi le nto nginganakwa muntu, ngisho amaphephandaba awayibhali ngoba vele nginyamanambana ke kuwona ngiyazi vele lokho angikuqabuki.

"Kuyangikhathaza kakhulu ukuthi abantu bakithi bafe kangaka," kubalisa uButhelezi.

Ngakolunye uhlangothi uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya esifundazweni, uMnuz Themba Mthembu, unxuse abantu ukuthi mababuyele enhlabathini batshale ngoba impilo ikhona.

"Umuzi nomuzi mawube nengadi bakwethu ngoba uma ubuka amanani okudla ezitolo abiza ngokuphindwe kathathu. Kubalulekile ukuthi sikwazi ukuzitshalela sixoshe ikati eziko," kusho uMthembu.

Uthe bafuna umnyango wakhe usebenzisane neNgonyama Trust bengadungwa yipolitiki.

"Lesi yisiqalo sobudlelwano obuhle esibumbayo namakhosi ukuze kuthuthuke ezolimo esifundazweni. Noma ngabe kukhona intuthu yezepolitiki thina sizobambisana sisebenzele abantu bakithi," kusho uMthembu.

Isazi sezolimo ebesikhona kulo mcimbi uDkt Thembinkosi Modi wase-UKZN, sithe intsha ayingeni emkhakheni wezolimo ngoba ayazi ngomnotho oqukethwe yilo mkhakha wathi sikhulu isidingo sokuthi intsha ifakwe kuwo.

"Mningi umnotho kwezolimo, wukuthi abantu abafundisiwe ngawo.

"Kungavuleka indathane yamathuba omsebenzi uma kungase kunakwe ezolimo," kweluleka uModi.

Phakathi kwamakhosi abephume ngothi lwawo bekukhona noSihlalo weNdlu yabaholi boMdabu Inkosi Phathisizwe Chiliza noNdlunkulu Thabisile Zulu wesizwe saseMatheni olumane indlebe ne*Solezwe*.

Uveze ukujabula okukhulu ngalo mhlangano wathi uzoba nezithelo ezinhle.

"Sibona sengathi kuyinto enhle ngoba kubalulekile ukuthi amakhosi abuye elulekwe yizifundiswa. Zonke izinhlaka kumele zibambisane," kusho uZulu.

ASIKHULUME
THUMELA umbono ngalolu daba kuFacebook (Isolezwe), kuTwitter (@isolezwenews) noma umqhafazo ku-45773. I-sms ibiza R1,50.



**KUSUKA kwesokunxele uDkt Mangosuthu Buthelezi, iJaji uJerome Ngwenya, uMnuz Themba Mthembu neNkosi Phathisizwe Chiliza besemhlanganweni weNgonyama Trust Board obuseGreyville Convention Centre, izolo** Isithombe: PATRICK MTOLO



**AMAKHOSI abethe shaye ethamele umhlangano wawo eGreyville Convention Centre, eThekwini, izolo** Isithombe: PATRICK MTOLO